**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P368/P373 EMSINGA MHLAKA 13 JANUARY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ukuza kwethu lapha namhlanje kusafakazela kona ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi siyazigcina izethembiso zethu. Akusadingeki ukuthi ngibale ukuthi sesize kangaki kule ndawo yaseMsinga.

- Siyazi sonke ukuthi indawo yaseMsinga ingenye yezindawo esifundazweni ezahlonzwa njengezidinga ukubekwa phambili ekulethweni kwezidingo ngenxa yezinga eliphezulu lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

- Yingakho uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ubeke imali ebalelwa ku-R120 million ngonyaka wezimali ka-2008/09 ukuba ibhekane nezinselelo zokulethwa kwezidingo esiFundeni saseMzinyathi.

- Sifake imali emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ukwakhiwa kwengqalasizinda entsha nokulwa nobubha nokufukula imiphakathi. Imisebenzi esiyenzayo ihlanganisa iDicky Bridge, iSphongweni Road, uNxamalala Road, uNyonini Road, iZingulubeni Road, iMbalane Bridge, iMatimatolo Road, iNhlesi Road, P32, iZonyama Road neKwaLeje Pedestrian Bridge.

- Kuyajabulisa ukuthi nanamhlanje kusaqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMhlangana eMsinga, njengoba sihlaba isoyi lokuqala komsebenzi wokufakwa kwetiyela emgwaqeni uP368/P373 ozokuba ngu-43.5 km ngesamba sika-R70 million.

- Lo mgwaqo uzokwakhiwa izigaba ngokweminyaka yezimali, okusho ukuthi ngalo nyaka ka-2008/2009 kuzokwakhiwa isigaba sokuqala esingu-5km. Ngonyaka ozayo ka-2009/2010, kuzokwakhiwa esesibili esingu-15km. Kuzolandelana izigaba kuze kuphelele u-43.5 km.

- Lo mgwaqo usetshenziswa umphakathi omningi onezikole nezikhungo zezempilo. Njengamanje kunzima ukufinyelela ezikhungweni zosizo ngokusebenzisa imoto ngenxa yesimo somgwaqo. Ibalelwa ku-5000 imindeni nabantu abangu-20 000 abasebenzisa lo mgwaqo.

- Umgomo wethu uthi uma sekwakhiwa kumele kuhlomule umphakathi wendawo ngamathuba emisebenzi nezomnotho. Bonke osonkontileka kumele bathenge izimpahla zokwakha kosomabhizinisi bendawo futhi baqashe abantu bendawo kulawo makhono akhona endaweni. Ilinganiselwa ku-6 000 imisebenzi yosuku ezotholakala ngesikhathi sokwakha lo mgwaqo.

- Kodwa ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi siyilethela abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lezepolititki. Ngiyaninxusa-ke ukuthi nisebenzise izinhlaka zethu esizibekile njengoMnyango kuyo yonke imiphakathi njengama-RRTF nama-CRSC nezinye. Ngiyaninxusa ukuthi nihlukane nokuvumela osopolititki ukuthi banisebenzise ukuze bazizuzele kwezepolitiki.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi. Ungabuza kosonkontileka bakaZibambele abangu-3 258 abasebenza imigwaqo ngaphansi kwesiFunda saseMzinyathi.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Uma usuphelile lo mgwaqo uzokuba nezindawo eziningi ezinomgomo wejubane ongu-60km/h bese kuba nezinto zokwehlisa ijubane libe ngu-40km/h kwezinye izindawo ezehlelayo nezingamajika.

- Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

- Okokugcina, mangihalalisele umphakathi waseMzinyathi ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona. Kuyacaca ukuthi ngempela ukusebenza kwethu kugxile ekubhekeleni izimpilo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga.**